# UKhora Uyahlubuka

NUMERI IZAHLUKO 16-17

Khethani imisebenzi ehambisana nezidingo zengane kanye nalokho ekuthandayo. Xoxani ngale misebenzi bese niyenza njengomkhaya.





## FUNDANI UNUMERI IZAHLUKO 16-17

Ngemva kwalokho, fundani INdaba YeBhayibheli Elandiswa Ngezithombe (kungaba kuyi-Internet noma niziprintele i-PDF), bese nixoxa ngemibuzo evela ekupheleni kwendaba.


**ZAMANI LOKHU:** Lalelani idrama ethi "Hlonipha Igunya LikaJehova." Idawunilode engosini ethi www.jw.org/zu. (Bheka ngaphansi kwesithi IZINCWADI > AMADRAMA.) Ngemva kwalokho xoxani ngale mibuzo njengomkhaya: (1) UKhora nabalandeli bakhe bahluleka kanjani lapho ubuqotho babo buvivinywa? (2) Singambonisa kanjani uJehova ukuthi siyalihlonipha igunya lakhe?

## EMINYE IMISEBENZI ENINGAYIPRINTA





### UKUFUNDA NGEZITHOMBE

**IKHASI OKUDINGEKA LIFAKWE IMIBALA** Fundani u-Eksodusi 28:15-21. Ngemva kwalokho, siza izingane zifake imibala ematsheni ayigugu asesiqeshini sesifuba. Ekugcineni, basize basike isiqephu sesifuba futhi basigqoke.




### OKUNGASETSHENZISELWA UKUTADISHA

**UKUHLANGANISA IZINGXENYE ZESITHOMBE** Ingane esencane ayisike ikamu lakwa-Israyeli iphinde ilihlanganise. Ngemva kwalokho, ayisike abalingiswa baseBhayibhelini bese ibafaka umbala. Yicele ibhale igama layo bese idweba isithombe sayo esiqeshini somlingiswa ongadwetshiwe. Ekugcineni, izingane zakho azisebenzise izingxenye ezisele nesithombe sekamu esesihlanganisiwe bese zidlala indaba kaKhora. Esigcawini ngasinye, zibuze ukuthi: "Ukube wawukhona lapho, iluphi uhlangothi owawuyokuma kulo?"




### WAGCINE UPHINDE UWAFUNDE

**IKHADI LOMLINGISWA WASEBHAYIBHELINI** Funda umlando. Buza imibuzo esekhadini. Usebenzisa leli khadi namanye amakhadi atholakala engosini ethi jw.org/zu, siza ingane yakho ukuba ithole abanye abalingiswa baseBhayibhelini abahlanu abavela esizweni sakwaLevi: (1) umprofethi owaqala ukukhonza etabernakele esengumfana omncane, (2) izingane ezintathu zika-Amramu, kanye (3) nendodana yompristi eyabhala izincwadi ezine zeBhayibheli.—**UMKHONDO:** Funda eyoku-1 Samuweli 3:1; 1 IziKronike 6:1-3, 33, 34; Jeremiya 1:1.

**Izimpendulo:** **1.** uSamuweli. **2.** u-Aroni, uMose, uMiriyamu. **3.** uJeremiya.

www.jw.org/zu © 2014 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania